- Ukukhuthazwa kwezingxoxo kanye nokwabelana kolwazi lokuthi ukwamukelwa koMthethosisekelo kusho ukuthini ezimpilweni zezizukulwane ezehlukene.

## UKUZIBANDAKANYA NEPHALAMENDE

IPhalamende ligunyazwe uMthethosisekelo ukubandakanya umphakathi ezintweni kanye nasemisebenzini yalo. Ngalokho-ke abantu abasha bakhuthazwa ukuthi bazibandakanye nomsebenzi wePhalamende.

Kunezindlela ezehlukene zokufinyelela iPhalamende ezifana nokuvakashela iPhalamende ngokufunda ngalo, ungene kuwebhusayithi yePhalamende, www.iPhalamende.gov.za, vakashela webhusayithi yeselula ku: m.iPhalamende.gov.za, silandele ku: twitter ku: @IPhalamendeofRSA futhi ubuke ezakamuva ekhasini lethu le-Facebook noma "Bhalisa" esiteshini sePhalamende se-YouTube ku: youtube.com/ParliamentofRSA.

Kukhona uhleo olubizwa ngokuthi i-"Member's Interface" lapho abantu abasha bangahlangana neLungu LePhalamende mayelana nezinto eziphathelene nabo, ukwenza iPhalamende lifinyeleleke kalula. Futhi bangazwakaliswa izimvo zabo ngokwenza izethulo ngomlomo noma bathumele ezibhalwe phansi.

Futhi intsha iyingxenye yomphakathi ongahambela iMihlangano Yamakomidi lapho iningi lomsebenzi wePhalamende wenzelwa khona, futhi bangahambela nokuhlala kweNdlu ukuze babheke ukwenziwayo, bazinothise ngolwazi futhi bazihlomise.

Ngaphezulu kwalokho, iPhalamende linemisebenzi ehlukene ehlose iNtsha efana nePhalamende LeNtsha Likazwelonke kanye neZingxoxo ZeNtsha ezaziwa ngegama elithi i-Youth Round Table Discussions, okwakuyisithangama esakhiwa uMkhakha WeSishayamthetho, i-Legislative Sector ukuze intsha yabelane ngemibono, icabange ngekusasa layo futhi iveze izixazululo zezingqinamba ehlangabezana nazo. Inikeza abantu abasha ithuba lokubamba iqhaza ekuhlwayeni izindima ezozidlala kanye nemisebenzi yayo ekuhlanganiseni umphakathi kanye nasekwakheni isizwe njengezakhamizi zeNingizimu Afrika ezibambe iqhaza. IPhalamende LeNtsha Likazwelonke lihlose:

- Ukukhumbula izibhelu zezitshudeni zowe-1976, ezaba neqhaza elikhulu ekutheni iNingizimu Afrika ibe intandoyeningi;
- Ukuhlinzeka ngesithangama sokuthi kwabelwane ngolwazi oluwumlando ngokwaziwa intsha yowe-1976;
- Ukuhlinzeka ngesithangama sokuxoxisana ngezinto ezinqala intsha yanamhlanje ebhekene nazo;
- Ukwakha indawo yokucabanga ngokuhlanganyela ngemibono yokuthi intsha yanamhlanje ingawathola kanjani amakhono kanye nokuyihlomisa;
- Ukuqaphelisa ngendima edlalwa uMkhakha WeSishayamthetho;
- Ukuhlela ukuzibandakanya kwentsha ekushayweni kwemithetho kanye nakweminye imisebenzi yoMkhakha WeSishayamthetho;
- Ukukhuthaza ukuhlanganiswa komphakathi;
- Ukuqinisekisa ukuthi uMkhakha WeSishayamthetho uxoxisana ngezindaba ezithinta intsha kanye nokuqapha ukusetshenziswa kwezinqubomgomo kanye nemithetho ethinta abantu abasha baseNingizimu Afrika; kanye
- Nokwenza ukuthi iSigungu esiphezulu siphendule ngesikwenzayo.

## ISIPHETHO

IPhalamende liqhubeka nokubhiyozela intsha minyaka yonke mhlazi-16 kuNhlangulana (kuJuni) ngokkwenanela indima eyadlalwa yintsha ekukhululweni kwe Ningizimu Afrika embusweni Wobandlululo, ngemisebenzi ehlukene efana nePhalamende LeNtsha kanye ne-Youth Round Table Discussions, phakathi kokunye. Njengesizwe, sisonke sisebenzela ukubona isizwe esingenabo ubuhlanga esakhelwe emalungelweni ayisisekelo kanye nezinkululeko ezibhalwe kuMthethosisekelo. Sisonke siyazazi izinjongo zoHlelo Lwentuthuko Lukazwelonke lokwakha ikusasa elingcono leNtsha yaseNingizimu Afrika ngokwakhela intsha amathuba angcono ezemfundo kanye nawezomnotho kanye nokugxila ekunciphiseni ukungalingani ngokobulili.

Produced by Public Education Office

www.parliament.gov.za
P.O. Box 15, Cape Town, 8000.
Telephone: (021) 403 3341
Facsimile: (021) 403 3535

CELEBRATING SOUTH AFRICAN YOUTH

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

PARLIAMENT
OF THE REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

# UKUBUNGAZWA KWENTSHA YASENINGIZIMU AFRIKA KOWEZI-2017



ISIZULU

# UKUBUNGAZWA KWENTSHA YASENINGIZIMU AFRIKA KOWEZI-2017

**ISENDLALELO**

Umhlazi-16 kuNhlangulana (kuJuni) kukhunjulwa izibhelu zowe-1976 ezaqala e-Soweto zase zisabalalela ezweni lonke lokho okwaguqula isimo seNingizimu Afrika sezenhlalo-mnotho. Ngalolu suku, kwamasha ngokuthula abafundi babantu abamnyama abaphakathi kwe-3000 – 10 000 ukukhombisa ukungahambisani kanye nokubhikishela uMthetho WeMfundo Yabamnyama eyaziwa ngelithi i-Bantu Education Act, owabekwa uHulumeni Wobandlululo ukuze uhlelele abafundi babantu Abamnyama uhlelo lwemfundo oluhlukile futhi olungalingani nalelo lozakwabo Abamhlophe kanye nokuphoqa kokufakwa kolwimi lwesiBhunu njengolwimi lokufundisa.

Kodwa-ke, ngesikhathi izitshudeni zingena emigwaqweni yaseSoweto zahlangabezana namaphoyisa ayehlome eyizingovolo azidubula ngesisi esikhalisa iziyembezi okwathi ngokuhamba kwesikhathi adubula lezo zitshudeni ezazibhikisha ngezinhlamvu zangempela. Lokhu kwaphenduka kwaba umbhikisho owagcwala izwe lonke kwaba izibhelu ezibhekiswe ku Hulumeni Wobandlululo.

Namhlanje, iNingizimu Afrika isebenzela ukuthi kubekhona umphakathi ongenabo ubuhlanga osekelwe emalungelweni ayisisekelo kanye nezinkululeko ezibhalwe kuMthethosisekelo anenjongo yokukhuthaza kanye nokuvikela amalungelo abo bonke abuntu baseNingizimu Afrika.

Lo nyaka uqopha umgubho wama-41 walolu suku oluyingqophamlando kanye nokubhiyozela iminyaka enga-20 yoMthethosisekelo kanye neminyaka enga-20 selokhu kwasungulwa uMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe.

**KUBUNGAZWA INTSHA YASENINGIZIMU AFRIKA**

IPhalamende liyazi ukuthi iNtsha ingabaholi bakusasa bezwe lethu ingakho umthetho ubhekiswa ekutheni abantu abasha bakwazi ukufinyelela ezingeni eliphezulu kulokho abakwazi ukukwenza. Intsha ithinteka kakhulu ngokusweleka komsebenzi, ngobuphofu, ngokungalingani kanye nangezinselelo zenhlalo-mnotho.

UHlelo Lwentuthuko Lukazwelonke (i-NDP) luyaqaphela ukuthi intuthuko kanye nokukhula kwezwe kubangelwa umthelela amazinga empumelelo ekuthuthukisweni kwamakhono kanye nasekukhulisweni kwamathuba okuphila kwentsha yezwe. Intsha enamakhono amaningi inamathuba amahle okubeka izwe endleleni yokukhula lisimeme kanye nokwenzangcono amandla ombuso wokuhambisa izidingo kubantu bawo. I-NDP iyaqaphela ukuthi intsha idlala indima ebalulekile entuthukweni yezwe futhi iqaphela ukuthi iNingizimu Afrika inabantu abasha abaningi kanye nomphakathi osesikhathini sokuthi ungasebenza, abangababambi beqhaza abalulekile ekwakhiweni kweZwe elithuthukayo kanye nelinempumelelo.

I-NDP ihlose ukufinyelela phakathi kokunye okulandelayo:

- Ukwenzangcono indelela ezemfundo eziphethwe ngayo, kubalwa nokwenyusa inani lezitshudeni ezithola amaphesenti angaphezulu kwangama-50 kulitherasi kanye nakumethametiki, ukwenyusa amazinga okugcinwa kwabafundi ezikoleni kungamaphesenti angama-90 kanye nokuqiniswa kokuqeqeshwa kothisha;
- Ukuqiniswa kwezinhlelo zemisebenzi yentsha kanye nokufakwa kwezinhlelo ezintsha ezigxile emphakathini ezifundisa abantu abasha ukuqeqeshwa ngamakhono okwazi impilo, ukuqeqeshwa kosomabhizinisi abasebasha kanye namathuba okubabamba iqhaza ezinhlelweni zokuthuthukiswa komphakathi;
- Ukuqinisa kanye nokukhulisa inani lamakoloshi okuqeqshela amakhono aziwa ngelithi ama-FET colleges ukukhuphulela kumaphesenti angama-25 izinga leqhaza elibanjwe intsha;
- Ukukhuphulela izinga lokuphasa kuma-FET colleges kumaphesenti angama-75;
- Ukuhlinzeka ngosizo oluphelele lwezezimali olukhokhela ukufunda, izincwadi, indawo yokuhlala kanye nemali yokuziphilisa ezitshudenini ezivela emindenini empofu;
- Ukuthuthukiswa kwezizinda zomphakathi zezokuphepha ukuze kuvinjelwe ubugebengu futhi kufakwe intsha kulezi zinto;
- Kwenziwe uhlelo lokuhlomelisa ngentela kubaqashi ukuze kuncishiswe izindleko eziqalayo zokuqashwa kwabantu abasebasha abaqala ukusebenza;
- Ukukhokhwa komxhaso esikhungweni sokuqashwa kwabantu uma sekuqashwe ngempumelelo labo abaphase u-grade 12 emsebenzini;
- Ukwelula izinhlelo zokukhokhelwa kokufunda kwabantu abafundayo kanye nokwenziwa kwezibhilivana zokuqeqeshwa zitholwe bukhoma yilabo bantu abafuna umsebenzi;
- Kuqalwe uhlelo oluhlelekile lokuheha abanemiyezane emisebenzini kahulumeni ukuze kuhehwe abantu abanamakhono aphakeme; futhi
- Kwandiswe nendima edlalwa amabhizinisi kahulumeni ekuqeqeshweni kwabasafunda umsebenzi kanye nabanolwazi abasebenza ngezobuchwepheshe.

Ezingeni lesifunda, uHlelo lwe-Afrika olwaziwa ngelithi i-Agenda 2063 luhlose ukuthi, phakathi kokunye, intuthuko ye-Afrika iqhutshwa ngabantu lapho kuzobonakala khona amakhono abantu abasha. Lokhu kusho ukuthuthukiswa kwenqubomgomo kanye nendawo esebenza ngomthetho lapho okuzoqedwa khona ukweswela umsebenzi kwentsha futhi kuqinisekiswe intsha ngokufinyelela ngokugcwele kwezemfundo, ekuqeqeshweni, emakhonweni, kwezobuchwepheshe, emisebenzini yezempilo, imisebenzi kanye namathuba ezokwakha umnotho. I-Agenda 2063 iqagula izwekazi lapho abantu besilisa abasebasha kanjalo nabesifazane bazoba izinqalabutho zomphakathi wezolwazi lwase-Afrika futhi bafake isandla ekudalweni kwezinto ezintsha kanye nokuqalwa kwamabhizinisi amasha. Futhi iyazi ukuthi kungokuqhutshwa kokwenziwa kwamathuba asimeme lapho amakhono entsha angabonakala ngokugcwele khona.

**INDIMA YEPHALAMENDE EKUTHUTHUKISWENI KWENTSHA**

IPhalamende linamakomidi afana neKomidi LesiShayamthetho elibhekele Abesifazane, Izingane kanye Nabantu Abaphila Nokukhubazeka kanye neKomidi LoMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe elibhekele Abesifazane, Izingane kanye Nabantu Abaphila Nokukhubazeka, ahlose ukubhekana nezindaba zentsha. La maKomidi anomsebenzi wokuqapha izindaba ezibhekene nentsha futhi kufanele abhekane nemithetho ethinta abantu abasha.

IPhalamende emsebenzini omkhulu wokwenza imithetho, seliphasise imithetho eminingi efana noMthetho Wokuhlonyiswa Ngokomnotho Kwezigaba Zonke Zabamnyama, owezi-2003, uMthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhono we-1998, kanye noMthetho Wokuqasha Ngokulingana.

INingizimu Afrika yamukele uMgomo Wentsha Kazwelonke wezi-2015-2020 (i-NYP 2020) ukuhlanganisa imisebenzi yentsha eqinisa amakhono abantu abasha ukuze babambe iqhaza ekuguqulweni kwezomnotho kanye nesizwe. Umphumela omkhulu weNYP 2020 ukuhlomisa abantu abasha abangase bakwazi ukufinyelela ngokugcwele emakhonweni abo kanye nokuba nolwazi ngamaqhaza kanye nemisebenzi yabo ekufakeni isandla ekuthuthukisweni kweNingizimu Afrika engenabuhlanga, abantu bayo abaphila ngokulingana, yentandoyeningi kanye nephumelelayo.

Ngaphezulu kwalokho, intshisekelo yeNtsha ixhaswe yiSikhungo Sikazwelonke Sokuthuthukiswa KweNtsha (i-NYDA) kanti futhi siphethwe uMthetho Wesikhungo Sikazwelonke Sokuthuthukiswa KweNtsha. Siwuhlaka oluhlose ukusabela bukhoma ezinselelweni zezomnotho ezibhekene nabantu abasha ngokusungula isithangama sokwakhiwa kwemisebenzi, ukuthuthukiswa kwamakhono kanye nokwabelana ngamakhono kwentsha yaseNingizimu Afrika.

Le mithetho elandelayo, phakathi kweminye ethinta iNtsha yaphasiswa eminyakeni engama-20 edlule:

- UMthethosisekelo
- UMthetho Wesikhungo Sikazwelonke Sokuthuthukiswa KweNtsha
- UMthetho Wezikole ZaseNingizimu Afrika
- UMthetho Wezemfundo Eqhubekayo kanye Nokuqeqesha
- UMthetho Wezemfundo Ephakeme
- UMthetho Wokuthuthukiswa Kwamakhono
- UMthetho Wokuqasha Ngokulingana
- UMthetho Wokuhlonyiswa Ngokomnotho Kwezigaba Zonke Zabamnyama

IPhalamende emsebenzini walo wokuqapha ngalokho liqalisa ukusebenzisa le mithetho ukuqinisekisa ukuthi ukuqinisa ukuhanjiswa kwezidingo kanye nokuphendula ngelikwenzayo. IPhalamende lisungule amaKomidi eSishayamthetho kanye nawoMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe ukuze alawule ukuziphendulela kukahulumeni ekusetshenzisweni kwale mithetho, amakomidi afana neKomidi LeSishayamthetho elibhekele neNezemfundo Eyisisekelo kanye naleyo Ephakeme, nawoMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe abhekele Ezemidlalo kanye Nezokungcebeleka kanye Nezemfundo kanye neKomidi LeSishayamthetho elibhekele Izindaba Zabesifazane, iNtsha kanye naBantu Abanokukhubazeka.

**UKUBUNGAZWA KWEMINYAKA ENGAMA-20 YOMTHETHOSISEKELO KANYE NEMINYAKA ENGAMA-20 YOKUSUNGULWA KOMKHANDLU KAZWELONKE WEZIFUNDAZWE**

IPhalamende leRiphabhuliki yeNingizimu Afrika libungaza iminyaka engama-20 selokhu kwamukelwa uMthethosisekelo wethu osezingeni lomhlaba kanye nokusungulwa koMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe i-NCOP. UMthethosisekelo ngumthethongqangi wezwe lethu futhi kungumsebenzi wethu ukuwusekela, ukuwumela nokuwuvikela. Umuntu ngamunye oyisakhamuzi saseNingizimu Afrika kubalwa intsha kufanele aziqhenye ngoMthethosisekelo wethu.

UMkhandlu Kazwelonke Wezifundazwe (I-NCOP) yaqala ukusebenza mhlazi-6 kuNhlolanja (kuFebruwari) we-1997. UMthethosisekelo weRiphabhuliki yeNingizimu Afrika wahlahla indlela yokwethulwa kwe-NCOP njengeNdlu yesibili yePhalamende. UMthethosisekelo ucacisa indima edlalwa yiNCOP ukuthi ukumela izifundazwe ukuze kuqinisekiswe ukuthi izintshisekelo zezifundazwe ziyanakwa emkhakheni kaHulumeni kazwelonke. I-NCOP into ebalulekile yokuthi kufinyelelwe ekubuseni ngokubambisana. Igxila ekuxoxisaneni, ekuhlanganisweni, ekuxhumaneni kanye nasekuthuthukisweni kokubambisana phakathi komkhakha kahulumeni okuzwelonke, owesifundazwe kanye nowasekhaya.

Izinhlosongqangi zale mibungazo yeminyaka engama-20:

- Ukuncoma ongqondongqondo bezepolitiki, ababehambisa izingxoxo kanye nababebhala (amavulandlela) oMthethosisekelo;
- Ukubungaza amashumi amabili eminyaka kwabakhona uMthethosisekelo wokuqala weNingizimu Afrika yentandoyeningi kanye namalungelo azuzwe kwezepolitiki, kwezenhlalo kanye nakwezomnotho kubalwa nezinkululeko, amalungelo abantu kanye nokubusa komthetho kubo bonke abantu baseNingizimu Afrika;
- Ukukhuthazwa kokuthandwa kwezwe kanye nokwakhiwa kwesizwe ngomfutho kazwelonke ovuselelwe kabusha ngomfutho otholakala kuMthethosisekelo;
- Ukuqinisa kanye nokukhumbuza abavoti ngokubalulekа kwezinguquko ezize noMthethosisekelo, ikakhulukazi kugxilwe kumalungelo atholakala kuSomqulu WamaLungelo; kanye